MINISTRY IN THE PRESIDENCY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
Private Bag X860, Pretoria, 0001, Tel: 012 473 0164, Cape Town 8000, Tel: 021 464 2100

2. UMkhandlu Oqondisayo KaMongameli (i-PCC)

2.1. UMongameli Ramaphosa ubize umhlangano we-PCC, ongowokuqala ngqa kulo Mbuso okhethwe ngoNhlaba kulo nyaka, obanjwe ngoLwesibili mhla zingama-20 kuNcwaba. Uhlelo Lokuhlinzekwa Kwezidingongqangi Oluholwa Yizifunda lwethulwe phambi kwe-PCC futhi lwamukelwa yibo bonke oNdunankulu beziFundazwe.

2.2. Lo mhlangano uvumelene futhi nangemiklamo eholwa yizifunda ezovakashelwa nguMongameli. Le miklamo izobandakanya umklamo okwisiFunda sase-OR Tambo, eMpumalanga Kapa; okwisiFunda sase-Waterberg, eLimpopo kanye nokuMkhandludolobha waseThekwini, esifundazweni saKwaZulu-Natali.

2.3. Le miklamo mithathu eholwa yizifunda ezovakashelwa ibandakanya umklamo osesifundeni esisendaweni yasemakhaya, osesifundeni esisendaweni enezimayini kanye nosesifundeni esingumkhandludolobha. Njengoba le miklamo izoba yisiqalo sohlelo

lokuhlinzekwa kwezidingongqangi oluholwa yizifunda, nalezi ezinye izifunda ezingama-42 kanye nemikhandludolobha eyisikhombisa nayo izovakashelwa nguMongameli kanye nohulumeni wakhe, ngokuhlanganyela nobuholi bohulumeni bezifundazwe, singakapheli isikhathi esibekelwe lo mbuso ophethe izintambo njengamanje.

2.4. Kulo mhlangano kwethulwe futhi kwaxoxiswana ngodaba lokuhanjelaniswa kwamaqhingasu ayisishiyagalolunye okuThuthukisa Ukukhula Kwezifundazwe zakuleli noHlaka Lokusebenza Kwesigaba Esimaphakathi (i-MTSF) lowezi-2019 – 2024.